



It starts with a story...

Help them be readers and writers!

What we believe our children can do and achieve, influences what they see as possible for themselves. When you believe that your children will succeed at reading and writing, and you let them know this, you help them to see that this goal is within their reach. And, as you take the time to read and write with them, they experience the ways in which reading and writing can be satisfying and useful.

How adults respond to children's attempts to read and write either encourages or discourages them. Giving them positive feedback as they try, helps to motivate them to keep at it – and the more they do it, the better

they get at it! Here are some examples of what you can say and do to encourage your children as they learn to read and write.

-  **Talk about learning.** Let your children know that because they are still learning to read and write, what they can do at the moment is not supposed to sound or look like someone who has been doing it for a long time.
-  **Acknowledge their efforts.** Respond positively to every effort to read or write, no matter how small. For example, you could say, "I love hearing you try to read that all on your own!" Also comment on the pleasure your children feel when they have completed something they set out to do, for example, "I can tell you really enjoyed writing your birthday list!"

 **Be interested and proud.** Show an interest in what your children are reading and writing and tell them that you value their attempts, whether or not they do it perfectly.

 **Offer support.** Support your children's attempts to work on their own, without jumping in to correct every mistake they make. Rather, let them focus on understanding as they read and on communicating a message in their writing. Remember that correct spelling and punctuation come in time as a child reads and writes more and more.

What you say and do matters! When you read and write with your children and respond positively and with real interest to their attempts, you are building the foundations for their success as readers and writers.

Zisize ukuthi zibe abafundi nababhali!

Lokho esikholelwa ekutheni izingane zethu zingakwazi ukukwenza nokuthi zingakuzuzwa, kunomthelela kulokho nazo ezibona sengathi kungenzeka. Uma ukholwa ukuthi izingane zakho zizophumelela ekufundeni nasekubhaleni, futhi uzazisa ngalokhu, uzozisiza ukuthi zibone ukuthi zingakwazi ukukuzuzwa lokhu ezikuphokophele. Futhi, lapho uzinikeza isikhathi sokufunda nokubhala nazo, zithola izindlela zokwazi ukuthi ukufunda nokubhala kungakugculisa kukusize kanjani.

Indlela abantu abadala abathatha ngayo imizamo yezingane yokufunda nokubhala ingazigugquzela noma izidikibalise. Ukuzikhuthaza ngesikhathi zizama, kusiza ukuzigugquzela ukuthi ziqhubeke nokukwenza lokhu – futhi uma zikwenza njalo lokhu, ziya ngokuba ngcono ekukwenzeni! Nazi ezinye zezibonelo zalokho ongakusho nongakwenza ukukhuthaza izingane zakho ngesikhathi zifunda ukufunda nokubhala.

 **Xoxani ngokufunda.** Yenza izingane zakho ukuba zazi ukuthi njengoba zisafunda ukufunda nokubhala, kulokho ezingakwenza njengamanje akulindlekile ukuba zizwakale noma zibukeke njengomuntu osekwenze isikhathi eside.

 **Ncoma imizamo yazo.** Ncoma yonke imizamo yokufunda nokubhala, noma ngabe mincane kanjani. Isibonelo, ungathi: "Ngiyathanda ukukuzwa uzama ukufunda konke lokho wedwa!" Ungaphawula futhi ngentokozi izingane zakho ezizwayo uma ziqede into ebezizibekela ukuyenza – isibonelo, "Ngiyabona ukuthi ukuthokozele ngempela ukubhala uhlu lwezimnywa zangosuku lwakho lokuzalwa!"

 **Khombisa ukuba nendaba nokuziqhenya.** Khombisa ukuba nendaba kulokho izingane zakho ezikufundayo nezikubhalayo, nokuthi unendaba nemizamo yazo, akunacala ukuthi zikwenza kahle noma azikwenzi kahle.

 **Nikela ngokuzeseka.** Yeseka imizamo yezingane zakho yokusebenza zodwa, ungaxumeli ukulungisa iphutha ngalinye ezilenzayo. Kunalokho, gxilani ekuqondeni ngesikhathi nifunda nalapho nidluliselana umlayezo ngokubhala. Khumbula ukuthi ekubhaleni, ukupela amagama ngendlela efanele nokufaka izimpawu zokuloba kufika ngesikhathi esifanele lapho izingane ziya ngokuya zifunda futhi zibhala.

Kubalulekile lokho okushoyo nokwenzayo! Uma ufunda futhi ubhala nezingane zakho, uzikhuthaza, ukhombisa nentshisekelo ngempela emizamweni yazo, wakha izisekelo zempumelelo yazo njengabafundi nababhali.

Enter our Children's Day competition on page 8 and win storybook and stationery hampers!


Ngenela Umncintiswano Wosuku Lwezingane osekhasini lesi-8 bese uwina amahempu ezincwadi zezindaba nezinto zokubhala nokubhalela!



Drive your imagination

Celebrate our children.
Celebrate childhood.

Yazisani izingane zethu.
Yazisani ubungane.





Story stars

Growing story leaders!

Every Tuesday afternoon, a group of over 40 enthusiastic 10 to 13-year-olds escape into the world of stories and books at The Young Authors' Club (YAC) in Lansdowne, Cape Town. We spoke to Brenda Rhode, founder of YAC, who works tirelessly to inspire a love of reading in children.

How did you discover the power of reading aloud?

As a teacher, I found that reading aloud to my class – as well as to my own two boys – encouraged them to read. From my measly salary as a teacher I bought read-and-listen audio cassettes with stories on them. All the children I introduced these to simply grew to love stories and books.

Why did you start a reading club?

I wanted to grow and promote a love for reading and writing in children.

What kinds of activities does YAC offer?

We begin with an ice-breaker like a song. Then we focus on stories: reading aloud and storytelling. We also do choral-verse speaking, sing, write and perform poetry, and act out role-playing situations. The time flies by so quickly and we almost run out of time every session – one and a half hours is not enough! Sometimes we invite authors as guests to do creative writing with us. But we always keep things relaxed. Children need support and encouragement when trying new things, and can scare easily if they think they are doing something wrong.

What role do the children play in running the club?

Some of the club members (Yaccers) have leadership positions, like chairperson and club secretary, where they have specific responsibilities for helping to run the club. We don't have access to many books, so some children help by donating books while others, who are library members, bring library books to the club. Yaccers also have plenty of opportunities to share their skills. For example, advanced readers are taught storytelling techniques that they use when they read to smaller groups.

So what's next for the YAC?

We already have a Facebook page, but I want to develop a YAC blog and website, so that Yaccers can share their writing and ideas. I also want to get the children's stories and poems published.

Why is literacy important?

It gives children a voice and exposes them to new worlds and other cultures. Literacy also has the power to bring schools and communities together.



Pic: Anton Scholtz

Yaccers
Ama-Yaccers

Abavelele ezindabeni

Ukuthuthukisa abaholi bezindaba!

Njalo ngoLwesibili ntambama, iqembu labaneminyaka eyi-10 ukuya kweyi-13 abanomdlandla abangama-40 babalekela emhlabeni wezindaba nezincwadi e-The Young Authors' Club (YAC) eLansdowne, eKapa. Sixoxe noBrenda Rhode, umsunguli we-YAC, osebenza ngokuzikhandla ukuze akhuthaze uthando lokufunda ezinganeni.

Wawathola kanjani amandla asekufundeni kakhulu?

Njengothisha, ngathola ukuthi ukufundela kakhulu ikhosi lami – nabafana bami ababili – kubagugquzele ukuthi bafunde. Ngemadlana yami encane engiyiholayo njengothisha ngathenga amakhasethi okufunda ulalele anezindaba, kwathi zonke izingane engazingenisa kulokhu zavele zaba nothando lwezindaba nezincwadi.

Kungani waqala ithimba lokufunda?

Ngangifuna ukukhulisa nokuqhubekisela phambili uthando lokufunda nokubhala ezinganeni.

Yiziphi izinhlobo zemisebenzi engenziwa ku-YAC?

Siqala ngalokho okwenza wonke umuntu okhona akhululeke, okufana neculo. Bese sigxila ezindabeni: ukufunda kakhulu nokuxoxa izindaba. Sisho nenkondlo esamculo, siyacula, siyabhala silingise lapho sihaya izinkondlo, bese silingisa nokuba sesimweni esithile sabanye. Isikhathi siyagijima futhi sisicsho sisiphelele singakaqedi ekuhlanganeni ngakunye – ihora elilodwa nesigamu alanele! Ngesinye isikhathi simema ababhali babe izihambeli zethu ukuze benze ukubhala kobuciko nathi. Kodwa sihlale sigcina wonke umuntu ekhululekile. Izingane zidinga ukwesekwa nokugququzelwa ngesikhathi zizama izinto ezintsha, ngoba zingethuka kalula uma sezicabanga ukuthi zenza into engafanele.

Izingane zibamba liphi iqhaza ekuphatheni ithimba?

Amanye amalungu ethimba (ama-Yaccers) anezikhundla zobuholi ezifana nesikasihlalo nonobhala wethimba, lapho abanemisebenzi ethile eqondene nazo yokusiza ukuqhuba ithimba. Asikwazi ukufinyelela ezincwadini eziningi, ngakho ezinye izingane zizisa ngokunikela izincwadi lapho ezinye, ezingamalungu omtapo wezincwadi, ziza nezincwadi zasematsheni wezincwadi ethimbeni. Ama-Yaccers anamathuba amaningi futhi okwabelana ngamakhono awo. Isibonelo, asebekwazi ukufunda kahle kunabanye bafundiswa izindlela zokuxoxa izindaba abazisebenzisela ukufundela amaqembu amancane.

Ngabe yini elandelayo ku-YAC?

Sesinalo ikhasi kuFacebook kodwa ngifuna ukuthuthukisa i-YAC blog newubhusayithi, yikhona ama-Yaccers ezokwazi ukwabelana ngalokho akubhalile namacebo awo. Ngifuna nokwenza ukuthi kushicilelwe izindaba nezinkondlo zezingane.

Kubaluleke ngani ukwazi ukufunda nokubhala?

Kunikeza izingane ithuba lokusho ezikucabangayo futhi kuzikhombisa imihlaba emisha namanye amasiko. Ukwazi ukufunda nokubhala kunamandla futhi okusondeza izikole nemiphakathi ndawonye.

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference. To nominate a Story Star, visit www.nalibali.org/story-stars.



Enjoy every moment


* For terms and conditions that apply, go to www.nalibali.org/story-stars

Ezweni lonke, umuntu ngamuye kanye nabezinhlango bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxenywe yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla ngezilokotho ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo. Ukuze uqoke ovelele endabeni, vakashela ku-www.nalibali.org/story-stars.

* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-www.nalibali.org/story-stars

Create your own mini-book Zakhele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
 2. Fold it in half along the black dotted line.
 3. Fold it in half again.
 4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
 2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
 3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
 4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



“I’ll ride my bike at the new house,” said Simon.
 “Ngizogibela ibhayisikili lami endlini entsha,”
 kusho uSimon.



Fold

“Ngithanda
 umsindo wale
 ndlu. Ngithanda
 umsindo
 osethaladini,”
 kusho uLucy
 ekhefuzela.
 “I like the sounds
 of this house. I like
 the sounds of this
 street,” huffed
 Lucy.



“Ngithanda ukunuka kamandl kwaleli khishi,”
 kukhononda uLucy.
 “I like the smell of this kitchen,” grumbled Lucy.




We publish what we like

This is an adapted version of *Moving house*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from www.jacana.co.za. This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Funda indaba yokuqala, *Ukuthutha*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: www.jacana.co.za.
 Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: www.jacana.co.za.

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi


Moving house Ukuthutha



Jenny Hatton
 Joan Rankin



Fold




"I like to lie in this bed," said Lucy.
"Ngithanda ukulala kulo mbhede," kusho uLucy.



"I like my room in
this house."
"Ngithanda
ikamelo lam!
ellikule ndlu."



Fold  4



"I won't have any friends in Bela Bela," sighed Lucy.
"Ngeke ngibe nabangane abasha Bela," kusho uLucy.
"I'll have Jonty," smiled Simon.
"Ngizolala noJonty," kumamtheke uSimon.



And she did.
Wayekuthanda ngempela lokhu.

“Where will Jonty sleep at the new house?” asked Simon.
 “In his kennel, of course,” answered Father.
 “Uzolaphi uJonty endlini entsha?”
 kubuza uSimon.
 “Endlini yezinja, kwaphela nje,”
 kuphendula uBaba.



“You’ll like your new bedroom,” suggested Mother.
 “It has a big window and gets lots of sun.”
 “Uzolithanda ikamelo lakho elisha,” kusho
 uMama. “Linfasitela elikhulu futhi kungena
 ilanga kahle.”


“It’s your mother and father’s house, and we all live here!” said Sandi.

“Yindlu kamama nobaba wakho, sonke sihlala lapha!” kusho uSandi.



“A bed in a window ...
 ... in my new room in the new house. I will love it,” thought Lucy.

“Umbhede ngasefasiteleni ...
 ... ekameleni lami elisha! endlini entsha! Sengathi ngizokuthanda lokho,” kucabanga uLucy.





"You'd better!"
added Father.
"UzoYithandi!"
kusho uBaba.

"Kodwa uzoyithanda
Indlu yethu entsha eBela
Bela," kusho uMama.

"Angifuni ukhamba
ngishiy'e uMthathi!"
kukhononda uLucy.

"But you'll like our new
house in Bela Bela,"
said Mother.

"I don't want to leave
Mthathi!" whined
Lucy.



Fold

"Now cheer up, Lucy, you'll like the new house,"
said Father sternly.
"Khululeka Lucy, uzoyithanda Indlu entsha,"
kusho uBaba egcizilela.



"My bedroom is mine," said Lucy.

"The tree house is mine. Also, the tree!" added Sandi.

"Ikamelo lami ngelami," kusho uLucy.

"Indlu esesihlahleni ngeyami. Futhi nesihlahla
esami!" kusho uSandi.



"Will my bedroom really have a big window?"
asked Lucy.

"Yes, your bed will be in the window,"
answered Mother.

"Ikamelo lami lizoba nefasitela elikhulu
ngempela?" kubuza uLucy.

"Yebo, umbhede wakho uzoba ngaphansi
kwefasitela," kuphendula uMama.

Fold 6



Get story active!



After you and your children have read *Moving house*, try out some of these ideas.

If you have 10 minutes...

- With your children, choose some of the illustrations and discuss how they show Lucy's changing feelings about moving house. Invite your children to share how they might feel about moving house.
- Look closely at the pictures in the story together. They are filled with lots of fun details! Point out the things you find interesting and ask your children what they notice in the illustrations.

If you have 30 minutes...

- Give your children large sheets of paper and crayons or paint and ask them to draw or design their dream home. When they have finished, let them tell you about it in as much detail as they can!

If you have one hour...

- Tell your children about a difficult experience you had as a child. Encourage them to tell you about their difficult experiences and then draw a picture of one of these. Ask your children to write a story about their pictures or you can write the story they tell you and then read it back to them.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Ukuthutha*, zamani eminye yale miqondo.

Uma ninemizuzu eyi-10...

- Nezingane zakho, khethani imidwebo bese nidingida ukuthi ikukhombisa kanjani ukushintsha kwemizwa kaLucy mayelana nokuthutha. Cela izingane zakho ukuthi zabelane ngokuthi zingazizwa kanjani zona ngokuthutha ikhaya.
- Bhekisisani nindawonye izithombe ezisendabeni. Zigcwele izinto eziningi ezithokozisayo! Khomba izinto ozithola zihlaba umxhwele bese ubuza izingane zakho ukuthi zibonani ezithombeni.

Uma ninemizuzu engama-30...

- Nikeza izingane zakho amaphepha amakhulu namakhayoni noma nopende bese uzicela ukuthi zizidwebele izindlu zamaphupho azo. Uma seziqedile, zivumele ukuthi zikutshela imininingwane eminingi ngendlela ezingakwazi ukwenza ngayo!

Uma ninehora elilodwa...

- Xoxela izingane zakho ngento enzima eyenzeka empilweni yakho useyingane. Zigqagquzele ukuthi zikutshela ngezinto ezinzima ezizehlele bese zidweba isithombe sokukodwa kwalokhu. Cela izingane zakho ukuthi zibhale izindaba ngezithombe zazo noma ubhale indaba ezikutshela yona bese uzifundela yona.

How well do you know the Nal'ibali characters?

Read the clues to help you name the children in the pictures.

Clues

1. **Bella** is 5 years old. She lives with her mum and dog, Noodle. Her best friend is Neo. Bella loves all animals – not only Noodle – so she likes stories about animals. But she also likes stories about queens and witches, even though they make her a little scared sometimes!
2. **Afrika** is 7 years old and he loves making things – aeroplanes, go-carts and even cakes! He likes reading "how-to" books and books with lots of interesting facts in them.
3. **Mbali** is just 2 years old and she is Neo's little sister. Mbali loves dressing up and playing with her teddy bear. She also enjoys looking at Neo and Bella's books and pretending to read them.
4. **Neo** is 8 years old. His little sister is Mbali and his best friend is Bella. Neo likes to explore and try out new things. His favourite books are adventure stories, especially ones about pirates!



Ubazi kahle kangakanani abalingiswa bakwaNal'ibali?

Funda okukunika umkhondo ukuze kukusize ukusho amagama ezingane ezisezithombeni.

Okukunika umkhondo

1. **UBella** uneminyaka emi-5. Uhlala nomama wakhe kanye nenja uNoodle. Umngani wakhe omkhulu uNeo. UBella uyazithanda zonke izilwane – akathandi uNoodle kuphela – ngakho uyazithanda izindaba eziphathelene nezilwane. Uyazithanda futhi nezindaba ezimayelana nezindlovukazi nabathakathi, noma zimesabisa ngesinye isikhathi!
2. **U-Afrika** uneminyaka eyi-7 futhi uyathanda ukwenza izinto amabhanoyi, izinqola namakhekhe imbala! Uthanda ukufunda izincwadi ezimayelana nokuthi "ungakwenza kanjani" okuthile nezincwadi ezinezinto eziningi ezingamaqiniso ezihlaba umxhwele.
3. **UMbali** uneminyaka emi-2 vo futhi ungudadewabo kaNeo omncane. UMbali uyathanda ukugqoka njengomuntu othile nokudlala nothedibhe. Uyakhokozela futhi ukubuka izincwadi zikaNeo noBella nokwenza sengathi uyazifunda.
4. **UNeo** uneminyaka eyi-8. Udadewabo omncane unguMbali futhi umngani wakhe omkhulu nguBella. UNeo uthanda ukufuna kanye nokuzama izinto ezintsha. Uthanda izincwadi ezikhuluma ngezigemegezime ezithile, ikakhulukazi lezo ezimayelana nezicwelegcwele zasolwandle!





Celebrate children!

International Children's Day is on 1 June each year. On this day we celebrate what is unique and special about every child.

What do you think makes you special? Perhaps it is that you always give people a lovely smile or are very good at dancing or playing soccer. Or maybe you are a caring friend. Look at what these children had to say about what makes them special.

Gubha usuku lwezingane!

Usuku lwezingane lomhlaba Wonke lungomhla ka-1 Juni minyaka yonke. Ngalolu suku sigubha okuhlukile nokukhethekile ngengane ngayinye.

Ngabe yini ocabanga ukuthi ikwenza ukhetheke? Kungenzeka ukuthi uhlale umamathekela abantu noma unekhono kakhulu ekudlaleni ibhola lezinyawo noma ekudanseni. Noma ukuthi ungumngani onakekelayo. Buka ukuthi yini lezi zingane ezithi izenza zikhetheke.

What is special about me

What makes me special is that I have a twin sister. We share things all the time. We were both in our mum's tummy at the same time, we were born on the same day, only 15 minutes apart.

We are both in the same grade and 9 years old. We play together. We sleep in the same room in different beds, but we used to sleep in the same bed. We share toys and things my friends give me. Some of our friends are different and in different classrooms, but in the same grade. We sometimes wear the same clothes.

That's what makes me special.

Zizipho Mahobe, 9 years old

I'm glad I'm me

No one looks the way I do. I have noticed that it's true. No one walks the way I walk. No one talks the way I talk. No one plays the way I play. No one says the things I say. I am special. I am me. There's no one else I'd rather be!

Anonymous

Yini ekhethekile ngami

Okungenza ngikhetheke ukuthi nginodadawethu engiyiwele naye. Sabelana ngezinto ngaso sonke isikhathi. Sasisesiswini sikamama wethu ngesikhathi esisodwa, sazalwa ngosuku olulodwa sishiyana ngemizuzu eyi-15.

Sisebangeni elilodwa futhi sineminyaka eyi-9. Sidlala ndawonye. Silala egumbini elilodwa emibhedeni ehlukeni kodwa sasilala emibhedeni owodwa. Sabelana ngamathoyizi nezinto abangani abanginika zona. Abanye babangani bethu behlukile futhi basemaklasini ahlukene kodwa ebangeni elifanayo. Ngesinye isikhathi sigqoka izingubo ezifanayo.

Yilokho okungenza ngikhetheke.

UZizipho Mahobe, oneminyaka eyi-9

Ngiyajabula ukuthi ngiyimina

Akekho obukeka Njengami. Ngikuyiqiniso lokhu. Akekho umuntu nohamba ngendlela engihamba ngayo. Akekho umuntu okhuluma ngendlela engikhuluma ngayo. Akekho umuntu odlala ngendlela engidlala ngayo. Akekho umuntu osho izinto engizishoyo. Ngikhethekile. Ngiyimina. Akekho omunye umuntu Engifisa ukuba uye! Umbhali wayo akaziwa

Enter our Children's Day competition!

If you are between the ages of 3 and 11, send us your drawing and/or piece of writing about what makes you special or what is special in your life. You could win an exciting prize!

- Winners and runners-up will be chosen in each of four categories: best drawing; best poem; best story/description; the reading club/school that submitted the most entries.
- The winners in each category will receive a book hamper from Cambridge University Press worth R10 000. Runners-up will receive a stationery hamper from Waltons worth R750.
- You can write a story, a poem or a description which is no more than 300 words.
- You can write in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.
- You can also draw a picture.
- Your drawing or writing must reach us by 22 July 2013.
- Send them to letters@nalibali.org or Nal'ibali, PO Box 1654, Saxonwold, 2132. Unfortunately, we are not able to send them back to you.

Ngenela umncintiswano wethu woSuku Lwezingane!

Uma uneminyaka ephakathi kwemi-3 neyi-11, sithumelele umdwebo wakho kanye noma nesiqeshana osibhalile ngokuthi yini ekwenza ukhetheke noma ukuthi yini ekhethekile empilweni yakho futhi kungenzeka uziwinele imiklomelo enika isasasa!

- Abaphumelele nabazothola umthobanhliziyi bazokhethwa eqoqweni ngalinye kulawa amane: umdwebo omuhle kunayo yonke; inkondlo ezishaye zonke emakhanda; indaba noma ukuchazwa kokuthile okushaya konke emakhanda; ithimba lokufunda noma isikole esingenele ukuhlala zonke.
- Abaphumelele emkhakheni ngamunye bazothola ihempu yezincwadi evela kwaCambridge University Press ebiza u-R10 000. Abazothola umthobanhliziyi bazothola izinto zokubhala nokubhalela ezivela kwaWaltons ezibiza u-R750.
- Ungabhala indaba, inkondlo noma uchaze ngokuthile okungekho ngaphezu kwamagama angama-300.
- Ungabhala ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa nangesiZulu.
- Ungadweba nesithombe.
- Umdwebo wakho noma okubhalayo kumele kufike kithina kungekadluli umhla ka-22 Julayi 2013.
- Kuthumele ku-letters@nalibali.org noma kuNal'ibali, PO Box 1654, Saxonwold, 2132. Ngeshwa, okuthumele asikwazi ukukubuyisela kuwe.

CAMBRIDGE

Waltons
Breeding success

In your next Nal'ibali supplement:

- Celebrating one year of Nal'ibali supplements
- Story Stars: Inspiring reading clubs in the Nal'ibali network
- A special first-birthday-edition story, *The worst birthday ever*
- The first part of the story, *The lonely tailor*

Can't wait until next week for more reading and story tips, stories and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or find us on Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)



Find us on your cellphone:
www.nalibali.mobi
Sithole kumakhalekhukhwini wakho:
www.nalibali.mobi

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Gubha unyaka owodwa wezithasiselo zakwaNal'ibali
- Abavelele Ezindabeni: Ukufaka ugqozi amathimba okufunda asohlelweni lakwaNal'ibali
- Ushicilelo lwendaba yosuku lokuzalwa lokuqala olukhethekile, *Usuku Lokuzalwa Olubi Kunazo Zonke*
- Ingxenye yokuqala yendaba, *Umthungi oyinkom' edla yodwa*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, izindaba kanye nemiqondo evusa ushila? Vakashela ku-www.nalibali.org noma usithole ku-Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

